# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***02/2013 Intshumayelo ngesonto 2 esikhathini seAdvente, ngomhla ka 09. 12. 2012***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 34/37

2. **Umkhuleko:** Nkosi umusa wakho mukhulu kithi thina bantwana bakho esihlala njalo silindele uncedo kuwe. Sivamile, Nkosi, ukuphoxeka kodwa nokho wena wethembekile iqiniso lihlala kuwe. Siphe uMoya wakho oNgcwele ukuba asilungisele ukwamukela uJesu oyiNdodana yakho noMsindisi wethu. Vula, Nkosi, izindlebe nezinhliziyo zethu ukuba izwi lakho livuselele ukukholwa nethemba lethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-Jakobo 5:7-8;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 21:25-33.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 37/40

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuIsaya 35:3-10, lithi: “Qinisani izandla ezibuthakathaka, nimise amadolo axegayo. Yishoni kwabanenhliziyo eyesabayo ukuthi: Qinani, ningesabi; bhekani, uNkulunkulu wenu uyeza ngokuphindisela, impindiselo ivela kuNkulunkulu; nguye oza ukunisindisa. Khona amehlo ezimpumputhe ayakuvulwa, zivuleke nezindlebe zezithulu. Khona unyonga luyakutshekula njengendluzele, nolimi lwesimungulu luyakuhuba, ngokuba ehlane kuyakubhoboka amanzi, nemifudlana kwahlongasibi. Isihlabathi esibengezelayo siyakuba yichibi, isigagadu sibe-yimithombo yamanzi; ekhaya lamakhanka lapho ayebuthisa khona kuyakuba-khona igceke lomhlanga nekhwani. Kuyakuba-khona umendo nendlela eyakuthiwa iNdlela yobuNgcwele; ongcolileyo akayikuhamba ngayo, kepha iyakuba-ngeyabantu bakhe; abahamba ngayo, noma beyiziwula, abayikuduka kuyo. Akuyikuba-khona lapho ingonyama, nesilwane esihahayo asiyikukhuphukela khona; lokho akuyikufunyanwa khona, kepha abakhululiweyo bayakuhamba ngayo. Abahlengiweyo bakaJehova bayakubuya baye eSiyoni ngokwethaba, intokozo engunaphakade ibe-phezu kwamakhanda abo; bayakuthola ukujabula

nokuthokoza, kubaleke usizi nokububula." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, ngiyazi ukuthi baningi kini abazakuvumelana nami uma ngisho kini ukuthi kubuhlungu ukuphoxeka. Nizakuvumelana nami ngoba ukuphoxeka kubuhlungu kabi. Ngisho nezingane imbala ziyabazi ubuhlungu bokuphoxeka. Ukuphoxeka esikhuluma ngakho yilokhu kokuthi ungatholi leyonto okade uyithenjisiwe. Kubuhlungu ukuhlala wethembile bese lelothemba liphenduka ize. Isonto lanamuhla lingelesisbili esikhathini seAdvente lapho sikhuthazwa khona ukuba singalilahli ithemba nokukholwa. Cishe onke amaSonto esikhathini seAdvente akhuthaza amakholwa ukuzilungiselela ukuza kweNkosi uJesu.

Abaprofethi basendulo bathembisa isizwe sakwaIsrayeli sasendulo ukuthi uNkulunkulu azakosophula ezandleni zezitha zaso. Omunye kulabo baprofethi nguIsaya, lo esisand' ukufunda incwadi yakhe. Umprofethi ulobela isizwe esasithembele ukuvikelwa ezitheni zaso yinkosi yaseGibithe. Ulobela isizwe esasihlezi ovalweni lokuhlaselwa yisizwe saseAsiriya. Ulobela isizwe esingenalo ithemba lokuthi isimo salo sokuphepha sizakuba ngcono. UIsaya usifundisa izifundo ezintathu kulesi sahluko sencwadi yakhe.

1.UJehova uyeza noma kanjani!

2. UJehova unguMsindisi;

3. UJehova unguMngcwelisi.

1.UJehova uyeza noma kanjani! umprofethi uyaqinisa ukuthi noma isimo sabakwaIsrayeli sifana nehlane nogwadule, siyakwenziwa sibe ngcono. Ihlane nogwadule kuyizindawo ezingenawo amanzi futhi okungaziwa ukuthi zizakuthola amanzi mhla kunjani. Ukusweleka kwamanzi kulezindawo isikhathi eside akusho nokho ukuthi ngeke amanzi abebikho ngesinye isikhathi. Njengoba kuyakwenzeka ukuthi amanzi abekhona ehlane nasogwadule, nesimo sabakwaIsrayeli sizakwenziwa sibe ngcono ngokuthi uJehova ophule isizwe sakhe ezandleni zezitha zaso. Uthi uIsaya, *"uNkulunkulu wenu uyeza ngokuphindisela, impindiselo ivela kuNkulunkulu; nguye oza ukunisindisa."* Noma kubukeka sengathi ukuza kukaJehova ukuzophula isizwe sakhe kufana nephupho, kuhle ukuba singakhohlwa ukuthi uJehova nguye othatha izinqumo. Ukulibala akufani nokungezi-nhlobo. Abalindele ukuza kukaJehova abazuphoxeka. Asokhumbula, bandla, ukuthi igama elithi Advente. Advente lisho, "ukuza". Ukuza kukaJehova ngeNdodana yakhe uJesu.

2. UJehova uyasindisa. Ukuza kukaJehova kuIsrayeli wasendulo kwakuyindaba emnandi ngoba uJehova kade eza ukusindisa uIsrayeli ezitheni zakhe. Ukuza kukaJehova kithi kuchaza enye indaba emnandi. Isizwe sikaNkulunkulu sanamuhla sinesitha esahlukile kunesitha sakwaIsrayeli wasendulo. Isitha samakholwa singuSathane nesono. Thina makholwa singena ekulingweni bese seqa imiyalelo nezimiso zikaNkulunkulu. Njengoba ukweqa imiyalelo nezimiso zikaNkulunkulu kusilethela isijeziso esesabekayo, sidinga lowo ozokusophula. Njengoba sisand'ukuvuma ngamazwi esivumo sabaphostoli, uJehova wathuma uJesu ukuba eze emhlabeni ukusisindisa kuleso sijeziso esesabekayo. Uma ukuza kukaJesu sekusisindisile, sisadinga amandla okuhamba singabasindisiweyo. Leyondlela esidinga amandla okuhamba kuyo ebizwa ukuthi, "ukungcweliswa".

3. UJehova uyangcwelisa. Leligama elithi "ukungcweliswa", sizolikhumbula ngoba salifunda eklasisni lomqiniso uma sifunda isivumo senkolo. Ngaphezu kwalokho sivuma "lokungcweliswa" nebandla lamakholwa ngenhliziyo nangomlomo. Sivuma ubuthakathaka bethu ukuzisindisa nokuhlala singcwele. Umprofethi uIsaya uloba ngokungweliswa ngokuthi uJehova usindisile isizwe sakhe uthi, *"Kuyakuba-khona umendo nendlela eyakuthiwa Indlela yobuNgcwele."* Bandla elithandekayo, ngabe kukhona phakathi kwethu onamandla nobuhlakani bokuhlala ensindisweni? Cha! Sonke sidinga ukungcweliswa ngokubizwa nangokukhanyiswa ngezwi nangezipho zikaJesu. Indlela yobuNgcwele kuyisimo sokuhlala komuntu evikelekile. Hhayi ukuvikeleka ukuba angoni, kodwa ukuhlala athembele kuJesu uMsinidisi ozakumthethelela uma ona.

Bandla, sesaphoxeka kakhulu ngokwethemba abantu. UJesu oyedwa ongaphoxi-muntu seweza mandulo ukuzakusisindisa ngokufa kwakhe nokusingcwelisa ngoMoya wakhe. Namuhla asokhumbula ukuthi noma kanjani, uzakuza futhi. Noma kubukeka sengathi ukuza kwakhe kuyalibala, masiqine singesabi ngoba ukuza kwakhe sekusondele. Emasontweni amathathu ezayo sizomkhumbula eza njengomntwana emkhonbeni. Masilinde ukuze sihlale naye noma eza esesihlalweni sobukhosi. Ngeke asiphoxe! Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Msindisi noMngcwelisi wethu, siyabonga ngokwethembeka kwakho mandulo nanamhlanje. Wamophula uIsrayeli ezitheni zakhe nathi wasithumela iNdodana yakho uJesu ukuba asisindise ekufeni. Siyabonga nangoMoya wakho oNgcwele osiholela endleleni yobuncwele ukuze sithethelelwe izono sibe nenkambo ekuthokozisayo. NgoJesu iNdodana yakho esindisayo. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 35/38

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu  Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2006 ngu-R. P. Ntsimane.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.